



Amakhompyutha asebenza ngolwazi oluqokelelwa lufakwe kuwona olubizwa ngokuthi idatha.

Idatha ingaba yizinhlobo ezihlukene. Ingaba izinhlamvu zokubhala, izinombolo, izithombe noma imisindo.




Uma uqokelela ulwazi ulufaka kukhompyutha, kuyaye kuthiwe ufaka idatha.

Enye yezindlela zokuqokelela ulwazi ulufake kukhompyutha ukuluthayipha oqwembeni olunezinhlamvu zokubhala, ikhibhodi.




Uma siqokelela ulwazi silufaka kukhompyutha siyaye sisebenzise la mathuluzi alandelayo:

Uqwembe olunezinhlamvu nezimpawu zokubhala, ikhibhodi (1)

Igundanyana esilichofozayo, imawusi (2)




Sisebenzisa la mathuluzi alandelayo ukufaka idatha ewuhlobo lwemisindo nezithombe kukhompyutha:

imayikrofoni (3)

ikhamera (4)




Nakuyona ikhompyutha iyatholakala idatha evele ikhona.


Idatha esiyithola kukhompyutha ibizwa ngokuthi ulwazi oluvele lukhona kuwo umshini lona.

Sisebenzisa isandisimsindo, iloud speaker (5) neskrini (6) ukuthola ulwazi oluvele lukhona kukhompyutha.




Iskrini (6) sona sisinikeza ulwazi ngemifanekiso, izinhlamvu zokubhala kanye nangezinombolo.

Izandisimsindo, amaloudspeakers kanye nezizwakalisimsindo ezixhunywa ezindlebeni, ama-earphones, khona kusinika uhlobo lolwazi oluyimisindo.





Izingxenye zekhompyutha ezibizwa ngokuthi ihardware, zona ziyizingxenye zekhompyutha onokuzibamba ngesandla.

Iskrini, ikhibhodi, izipikha, imawusi, imayikrofoni kanye nezizwakalisimsindo ezigaxwa ekhanda, amaheadphones, konke lokho kuyizingxenye onokuzibamba ngesandla zekhompyutha.




Ukuze ikwazi ukusebenza ikhompyutha, idinga nengxenye ongeke ukwazi ukuyibamba ngesandla ebizwa ngesoftware.

Isoftware inikeza ikhompyutha imiyalezo ngezindlela zokusebenzisa idatha eyehlukene.



Izinhlelo zokusebenza kanye nezindlela zokuzisebenzisa konke lokhu kuyingxenye yesoftware.

Isibonelo kungaba ukuthi, udinga ukusebenzisa ikhamera kumakhalekhukhwini ohlakaniphile ukuze uthathe izithombe namavidiyo.




Uma uyibheka ngaphakathi ikhompyutha, ubona izingcezwana eziningi ezincane ezibizwa ngokuthi amachips ekhompyutha.

La machips ekhompyutha yiwona acubungula ulwazi ukuze ikhompyutha ikwazi ukusebenza.

## ——Imibuzo

1. Lubizwa ngokuthini ulwazi olutholakala kukhompyutha?
2. Ikhibhodi nemawusi kungamathuluzi ayizibonelo ze….
3. Siyibiza ngani idatha esiyinikwa yikhompyutha?
4. Nikeza izibonelo ezimbili zehardware.
5. Iyini isoftware?

Le ncwadi ingeyesibili ezincwadini ezine eziwuchungechunge ezabhalwa ngenhloso yokweseka ukufunda ngobuchwepheshe bekhompyutha.

Iyingxenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi ye-Zenex Ulwazi Lwethu ezabhalwa ngo-2021.